




UPhumelele kwakuyintombazanyana eyayiphuma emndenini ohluphekayo.

Wayehlala nomndenini wakhe endaweni eyayibizwa ngokuthi kukwaCelani.

Wawumunye vo umgwaqo okwakuhanjwa kuwo uma ungena noma uphuma kwaCelani.



Eduze nalo mgwaqo kwakukhona isihlahla.

Kwakukhona inyoka enkulu eyayihlala kulesi sihlahla.

Abantu babedlula kulesi sihlahla uma beya ekliniki, ezitolo noma esikoleni.




Kwakuthi le nyoka uma izwa izigi zabantu bedlula, idilike esihlahleni ime emgwaqweni.

Yayenza abantu basabe ukudlula kulesi sihlahla.

Izakhamuzi zakule ndawo zazama ukuyibamba, kodwa zahluleka.





Akekho noyedwa owake wakwazi ukuyinqoba le nyoka.

Inkosi yendawo yathembisa ukuthi lowo oyokwazi ukuyibamba uyozuza umklomelo.

Ngokwenqubo yakule ndawo, amadoda kuphela ayevunyelwe ukubamba iqhaza kule nselelo.





Izinsizwa, amadoda aseqinile, namakhehla amadala, bonke bahluleka ukuyibamba.

Baze bazama nokusebenzisana ngamaqembu kodwa baphinda bahluleka.

Kwaqhubeka nokuba yingozi ukungena nokuphuma kwaCelani.



UPhumelele waya enkosini wafika wathi, "Ngicela ungivumele ngibambe iqhaza kule nselelo."

Abantu bamhleka ngoba bebona ukuthi ungumuntu wesifazane. Bathi, "Mhlawumbe uyadlala."

Inkosi yacabanga ngesicelo sikaPhumelele.





Ekugcineni inkosi yacabanga yathi, “Amadoda akule ndawo asehlulekile ukubamba le nyoka. Ngeke salahlekelwa yilutho ngokuvumela owesifazane azame.”

Yanikeza uPhumelele ithuba. Nakuba kunjalo, inkosi yayingakholwa ukuthi wayengase aphumelele ukwenza osekwehlule amadoda.





UPhumelele wayenesu elinobuhlakani.

Weluka ubhasikidi omkhulu.

Wawufaka izintambo zokudonsa ukuze uvaleke.

Wawuthwala ekhanda waqonda khona esihlahleni senyoka.



Njengokwejwayelekile inyoka yezwa izigi. Yazilungisela ukudilika esihlahleni izovimba endleleni.

UPhumelele wayesemi ngomumo elinde ukuthi idilike esihlahleni.

“Namhla kunamuhla,” washo ecabanga esesondela esihlahleni.





Yathi iyadilika esihlahleni inyoka, yaziphonsa kubhasikidi owelukiwe.

UPhumelele wadonsa izintambo ngokushesha wavala ubhasikidi. Yavaleleka phakathi inyoka.




UPhumelele wawuthwala ubhasikidi onenyoka phakathi waqonda esigodlweni senkosi.

Bonke abantu babememeza bemhalalisela ngesikhathi engena esigodlweni senkosi.

“Uhlakaniphile futhi unesibindi uPhumelele. Kufanele inkosi igcine isethembiso sayo,” kwakusho abantu.





Inkosi yaklomelisa uPhumelele ngokumnika indawo enkulu enesibaya esigcwele izinkomo.

Wabekwa waba yinduna yendawo yakwaCelani. Abantu babeya kuye uma befuna iziyalo.

Inyoka yathathwa yahanjiswa epaki okugcinwa kulo izinyoka. Izakhamuzi zakule ndawo zakwazi ukuhamba ngokukhululeka.